# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *14/2014 Intshumayelo ngesonto 6 emva komkhosi wePhifaniya, ngomhla ka 09. 02. 2014*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 74/67

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu Baba osezulwini, uyazi ukuhlupheka kwethu okukhulu ukuthi uSathane uyazungeza umhlaba, esafuna angamnginya ngezinkohliso eziningi zokuveza amanga akhe phakathi kwabantu. Sesiyacela kuwe ukuba usiqinise ekukholweni ukuba singanyakazeki, kodwa sazi ngokwempela amandla kaJesu Kristu amakhulu, simethembe ngenhliziyo yonke ukuba nguyena oyiNkosi yethu noMsindisi wethu. Mawusisize kanjalo ngezikhathi zonke ngobufakazi obuqinileyo babaphostoli ababonile inkazimulo kaJesu Kristu iNdodana yakho ngamehlo abo, nangobufakazi babaprofethi abamfakazele uJesu iNdodana yakho ukuba lowo nalowo okholwa nguye uthethelelwe izono zakhe egameni lakhe. Mawusizwe ngenxa yakhe. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-2 kwabaseKorinte 4:6-10;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 17:1-9.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 73/66

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe ku 2 Petru 1:16-21, lithi: "Ngokuba sasingalandeli izinganekwane zobuqili, lapho sanazisa amandla nokufika kweNkosi yethu uJesu Kristu, kodwa sasingababonayo amandla obukhosi bakhe. Ngokuba wamukela kuNkulunkulu uYise udumo nenkazimulo, lapho kwafika kuye izwi elinje, livela enkazimulweni yobukhosi, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo - lelozwi salizwa thina livela ezulwini, sikanye naye entabeni engcwele. Sesinalo izwi lesiprofetho eliqinisekile kakhulu, enenza kahle ukuliqaphela kungathi liyisibani esikhanyayo endaweni emnyama kuze kuse, ikhwezi liphumele ezinhliziyweni zenu, nazi lokhu kuqala ukuthi kasikho isiprofetho sombhalo esingachasiselwa ngumuntu ngokwakhe; ngokuba akuzange kuvezwe isiprofetho

ngentando yomuntu, kepha abantu beqhutshwa nguMoya oNgcwele bakhuluma okukaNkulunkulu." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini uJesu Kristu, abadeleli baningi emhlabeni. Baningi abanqabayo ukukholwa izwi likaNkulunkulu. Abalamukeli, uma belizwa ngezindlebe zabo. Kwakunjalo nasesikhathini, mhla uPetru ebhala incwadi yakhe. Babengathandi ukukholwa nokwamukela isifundiso esihle sevangeli likaJesu Kristu. Badelela amandla kaJesu Kristu, bawahleka usulu, bengakholwa ukuthi uzobuya ezulwini ukuba ahlulele abasahambayo nabafileyo, bathi: Akakabuyi, akasayikubuya. Umhlaba ukhona, uqinile, uzohlala njalo uyiwo. Nanamuhla kusekhona abadeleli abaningi. Abakholwa ukuthi uJesu unamandla onke, nokuthi unamandla ukusiza abantu ezinhluphekweni zabo zonke. Abamethembi ukuthi unamandla okusindisa lowo nalowo okholwa nguye. Noma abanye bemdelela ngendlela enye, bathi: UJesu unamandla ukusindisa nokusiza uhlobo lwakubo kuphela njengabaJuda nabamhlophe, kodwa abansundu, abaseAfrika naseAsiya bamelwe ukuthola usizo lwabo kwenye indawo, esinkolweni zabo ezindala, njengoba bengasizwa nguJesu, bathi: akanamandla ukubasiza. Namuhla kuvelile abanye abathi uJesu uyasindisa abampofu kuphela, uzolahla izicebi nabanothileyo, uzobajezisa kuphela, angebasindise.

Abaningi abanjalo mabezwe izwi lephistola lanamuhla, bezwe konke okufundiswa ngesikhathi sePhifaniya! Okufundiswa ngamavangeli namaphistola esikhathi sePhifaniya ayafakaza ukuthi uJesu uze emhlabeni ukuba asize bonke abantu, abantu bezizwe zonke. Bonke mabeze kuye, uma bethanda ukusindiswa ngokuyikho. Bonke mabeze kuye, uma bethanda ukungena ezulwini ekuphileni okuphakade. UJesu unamandla okusindisa nokuphilisa abantu abakholwa nguye, futhi uzobuya ezokwahlulela bonke abantu bezizwe zonke bezikhathi zonke. Bonke bazohlangana phambi kwesihlalo sakhe sobukhosi, noma bekholwa nguye, noma bengakholwa nguye, bemdelela kaneno. Ngosuku lokugcina bazobizwa bonke ukuba balande phambi kwakhe ngakho konke abakwenzileyo, nangakho abakukhulumileyo, nangakho abakucabangileyo. Isimemezelo ezinjalo siyathokozisa thina esikholwa nguye, kodwa labo abasamdelela namuhla bayabizwa ngothando ukuba bakholwe nguJesu, bamamukele, bamethembe, bazi ukuthi ngokwempela uJesu unguye onamandla ukubasiza nokubasindisa, ngokuba nguye ophiwe onke amandla ezulwini nasemhlabeni nguYise. Uma abaphostoli beNkosi bekhuluma ngalesisifundiso samandla seNkosi yethu uJesu Kristu, nangokubuya kwayo abalandeli izinganekwane ezihleliwe ngokuhlakanipha kwabantu, kodwa bayafakaza ngakho

1. abakubonileyo ngamehlo abo, abakuzwileyo ngezindlebe zabo;

2. abakufundileyo ezincwadini zabaprofethi beTestamente elidala.

1. Mhla abaphostoli befundisa nokumemezela ivangeli likaJesu elingamandla kaNkulunkulu okusindisa lowo nalowo okholwa nguye, babefakazela abakubonileyo ngamehlo abo, nabakuzwileyo ngezindlebe zabo. Yikho okokuqala okufundiswayo ngephistola lanamuhla, ngoba siyezwa ukuthi "Ngokuba sasingalandeli izinganekwane zobuqili, lapho sanazisa amandla nokufika kweNkosi yethu uJesu Kristu, kodwa sasingababonayo amandla obukhosi bakhe. Ngokuba wamukela kuNkulunkulu uYise udumo nenkazimulo, lapho kwafika kuye izwi elinje, livela enkazimulweni yobukhosi, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo - lelozwi salizwa thina livela ezulwini, sikanye naye entabeni engcwele." UPetru ukhuluma lapha ngakho okwenzekileyo entabeni ephakemeyo, mhla uJesu ethathe oPetru noJakobe noJohane ukuba bakhuphukele kuleyantaba. Kuleyantaba babona ukuthi uJesu waphenduka isimo sakhe phambi kwabo, ubuso bakhe bakhazimula njengelanga, izambatho zakhe zaba mhlophe, zacwebezela. OMose noEliya babonakala kuye, bakhuluma ngokumuka kwakhe eJerusalema, ngokuhlushwa kwakhe, nangokufa kwakhe nangokuvuka ekufeni nangokwenyukela kwakhe ezulwini, Luk. 9:30-31. Khona-ke abafundi bakhe babebona inkazimulo kaJesu, futhi bezwa kuNkulunkulu uYise uqobo ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu. Besentabeni leya kwafika ifu, labasithibeza, kwavela izwi efwini, lathi: "Lo uyiNdodana yami ekhethiweyo, yizweni!" Luk. 9:35. Okusho ukuthi bezwile kuYise wasezulwini uqobo ukuthi uJesu unguye onguye impela, nguye oze emhlabeni ukufuna nokusindisa abantu, bamuzwe uJesu, bamlalele, uma bethanda ukusindiswa, bamukele kuye amazwi alethayo ukuphila okuphakade ebantwini, bawamukele kuye uJesu iNdodana kaNkulunkulu. Asikwazi ukukhuluma ngakho konke abaphostoli abakubonileyo kuye. UJohane uthi evangelini lakhe: "Kukhona nezinye izinto eziningi azenza uJesu; uma zilotshiwe zona ngazinye, ngithi nezwe lonke lingezanele izincwadi ezingalotshwa," Joh. 21:25. Babembona uJesu ephulukisa iziguli, esiza abampofu, ekhipha amademoni, ethulisa ulwandle nesivunguvungu, enza izimangaliso ezinkulu, evusa abafileyo. Babembona ehlushwa, efela esiphambanweni, kunalokhu babembona evukile ekufeni, ekhuluma nabo, edla nabo esevukile ngosuku lwesithathu. Futhi bamuzwa ebachasisela izwi likaNkulunkulu, ebachasisela kahle ukuthi uze emhlabeni ukuba afune, asindise okulahlekileyo, uze emhlabeni ukuba lowo nalowo okholwa nguye angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. Yikho okwenzile ukuba bafakaze ukuthi uJesu uyiyo iNkosi noMsindisi wezwe

lonke, nokuthi uzobuya ezokwahlulela abasahambayo nabafileyo. Bafakaza ngakho abakubonileyo ngamehlo, nangakho abakuzwileyo ngezindlebe zabo.

2. Futhi babeqinisa impela ngamazwi abo ukufakazela amandla kaJesu nokubuya kwakhe, ngokuba babeqinisa ekwazini kwabo ukuthi abakufakazelayo kulotshiwe ezincwadini zabaprofethi beTestamente elidala. Bafakaza ngakho abakufundileyo ezincwadini zabaprofethi. Yikho okwesibili okufundiswa ephistoleni lanamuhla, ngokuba siyezwa ukuthi: "Sesinalo izwi lesiprofetho eliqinisekile kakhulu, enenza kahle ukuliqaphela kungathi liyisibani esikhanyayo endaweni emnyama kuze kuse, ikhwezi liphumele ezinhliziyweni zenu, nazi lokhu kuqala ukuthi kasikho isiprofetho sombhalo esingachasiselwa ngumuntu ngokwakhe; ngokuba akuzange kuvezwe isiprofetho ngentando yomuntu, kepha abantu beqhutshwa nguMoya oNgcwele bakhuluma okukaNkulunkulu." Lawamazwi athanda ukusisiza ukuba siqonde ukuthi abaphostoli babengalahli iTestamente elidala, kodwa balihlolisisa ukuba baqinisele ekwazini ukuthi ngokwempela uJesu waseNazaretha unguKristu othenjisiweyo eTestamenteni elidala. UPetru washumayela endlini kaKorneliyu eKaisarea, wathi: NgoJesu "bonke abaprofethi bafakaza ukuthi ngegama lakhe bonke abakholwa nguye bayakwamukela ukuthethelelwa kwezono," izE. 10:43. Yebo kunjalo, abaphostoli babachasiselwa nguJesu uqobo ukuba baqonde izincwadi zeTestamente elidala. Nalapha asikwazi ukuveza ubufakazi bonke obukhombayo ukuthi abaphostoli babesekela ukufundisa kwabo ivangeli likaJesu Kristu ezindaweni eziningi ngamazwi eTestamente elidala. UPawulu umphostoli wafakaza ngokukhanya okukhulu, wathi: "Kepha manje kubonakalisiwe ukulunga okuvela kuNkulunkulu ngaphandle komthetho, kufakazelwa ngumthetho nabaprofethi, ngisho ukulunga kukaNkulunkulu ngokukholwa nguJesu Kristu kubo bonke abakholwayo; ngokuba akukho mahluko; ngokuba bonke bonile, basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu; bathethwa kahle ngesihle ngomusa wakhe ngokuhlengwa okukuKristu Jesu," Rom. 3:21-24. Yikho ngokufushane abaphostoli abakufakazelayo, abakufundile, bekubonile, bekuzwile ezincwadini zabaprofethi.

"Niyakwenza kahle ukukuqaphela kungathi liyisibani esikhanyayo endaweni emnyama kuze kuse, ikhwezi liphumele ezinhliziyweni zenu." Yikho okusiholelayo kuJesu ukuba sikholwe nguye, sibe nentethelelo yezono zethu nokuphila okuphakade ngokukholwa nguye. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Mninimandla onke, Baba osezulwini, wena okhazimulise iNdodana yakho ngezwi lakho elavela ezulwini, siyacela ukuba usihole ngoMoya wakho

oNgcwele, silalele iNdodana yakho ngokuqaphela impela, samukele izwi lakhe ngokukholwa, siphile nayo entokozoweni nasekusindisweni okungapheliyo kanye noMose noEliya nabangcwele bakho bonke ngayo iNdodana yakho ethandekayo uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 75/68

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2001 ngu-E. A. W. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.